(CIB pdf formfields Demoversion)

# imibono nemibuzo

Ithathe uphindelela le ncwajana uyifundisise, uhlole ukubekwa kwengxoxo nokusetshenziswa kolwimi. Qhubeka kanje:

°FUNDA

1 Funda indima ngayinye nganyinye uphindelela.

2 Funda kakhulu ubuye ufunde ngenhliziyo, unambithisise ukwemukelana kwamagama emshweni. Kuthi lapho kufundeka nzima khona wenze uphawu ngempensela.

°QHATHANISA

1 Thatha ibhaybheli elidala ubheke ukuthi lendima ibhalwé kanjani khona.

2 Funda lapha, ufunde laphaya – kakhulu nangenhliziyo, uqaphele lapho kunomahluko nalapho izindima zifana khona.

3 Vula ibhaybheli lolunye ulwimi olwejwayele (isiJalimane, isiNgisi, isiSwati, isiXhosa, isiBhunu, isiNdebele) ubheke ukuthi lendima ibhalwé kanjani khona.

°BUZA

Ongakuqondi kahle kubhale phansi.

°HLOLA

1 Nxusa omunye oseduze akulalele ufunda; mcele ukuthi akhulume, akulingise.

2 Shintshanani kuba nguwe osumlingisa.

3 Qaphela lapho kuba khona ukungingiza nokuphambuka. Zibuzeni ukuthi kwenziwa yini lokho.

°CUBUNGULA

1 Xoxela omunye nje ke obengekho nifunda uthi: „Bengifunda indima ethi: ... ...“ Khululeka nje usebenzise nawakho amazwi lapho ubona kufanele khona kodwa ungayinandisi kakhulu indaba, ungeluli ngokweqile.

2 Mnxuse lona obumxoxela ukuthi axoxele owesithathu lokhu obumxoxela khona. Qaphela lapho kuba khona ukungingiza nokuphambuka ukubhale phansi masinyane.

(CIB pdf formfields Demoversion)

°IMIBONO

1 Phindela emuva lapho uqalé khona, ufunde kakhulu ubuye ufunde ngenhliziyo.

2 Thatha iphepha uyikophishe lendima, ubeke imibono yakho lapho unemibono khona, nemibuzo lapho ungezwisisi khona.

Thola imvilophi enkulu usifakele khona yonke ke leyo mibuzo nemibono usithumelele ngendlela ephuthumayo. Usuyozwa ngathi ke.
Nanti ikheli:

Dr. Ben Khumalo-Seegelken
Convenor: “biblia zuluensis”
KwaMachanca
Alte Ziegelei 4
D-26197 HUNTLOSEN
eJalimane/Deutschland
Tel/Fax: 0049-4487-75 02 85
eMail: biblia.zuluensis@t-online.de